

Amaqiniso abalulekile okufanele uwazi ngaMatele

- ★ Amatele (i-FMD) yisifo sezilwane esilawulwa ngokoMthetho Wezifo Zezilwane wonyaka we-1984 (uMthetho wama-35 wonyaka we-1984).
- ★ I-FMD ibangelwa igciwane, elihlasela kuphela izilwane ezinezinselo isib. izinkomo, izimvu, izimbuzi nezingulube kanye nezilwane zasendle ezinezinselo ezihlukene njengenyathi nemgankla. Abantu abasuleleki nge-FMD.
- ★ I-FMD ibangela imfiva, elandelwa ukucela kwamabhamuza ikakhulukazi emlonyeni nasezinyaweni. Ngakho-ke, izilwane zingayeka ukudla futhi bese ziyaqhuga.
- ★ abhebhethaka ngokushesha uma engalawulwa futhi angasakazeka ngokuthinta izilwane ezithelekile noma imikhiqizo yazo kanye nabantu noma amathuluzi athelekile, abandakanya izimoto, amathuluzi, amagilavu, izingubo kanye nezintambo ezike zathintana nezilwane ezine-FMD.
- ★ Yisifo somhlambi. Ngakho-ke, uma isilwane esisodwa emhlambini sitheleleke ngalesi sifo, umhlambi wonke ufanele uthathwe njengongahle ube negciwane.
- ★ I-FMD inomthelela omubi kakhulu emnothweni wezwe njengoba ithinta ukuhweba ngezilwane zamazwe ngamazwe nokwasekhaya, imikhiqizo yezilwane kanye nemikhiqizo ehlobene nazo efana nokudla kwezilwane kanye nezimpondo nenhloko eziqhamuka ekuzizingeleni.
- ★ Ezinye izindawo zaseNingizimu Afrika zibekelwe umthetho njengezindawo ezilawulwayo ze-FMD —indawo lapho izinyathelo zokulawula ezifana nokugoma nokulawula ukuhanjiswa kwezilwane zisetshenziswa. Sicela uxhumane nodokotela wezilwane wombuso wendawo yangakini, uChwepheshe Wezempilo Yezilwane noma isikhulu Esisizayo Sezolimo ukuze uthole ukuthi izilwane zakho zingaphakathi yini kwendawo elawulwayo ye-FMD nokuthi yiziphi izinyathelo zokulawula okufanele ubambebele kuzo.
- ★ Bonke abanikazi, abaphathi kanye nabantu abasebenza ngezilwane ezinezinselo bafanele baqaphe ngokuzimisela okukhulu futhi basebenzise izinqubo ezinhle zokuphepha kokuphilayo ukugcina imihlambi yabo iphephile.
- ★ Uma ucabanga ukuthi imfuyo yakho ingaba ne-FMD, sicela wazise uChwepheshe Wezempilo Yezilwane, isikhulu Sosizo Lwezolimo noma uDokotela Wezilwane Wombuso ngokushesha. Ungahambisi nanoma yiziphi izilwane uzisuse endaweni lapho zikhona kuze kube uDokotela Wezilwane wombuso uqinisekise ukuthi izilwane azinayo i-FMD.
- ★ Esimeni sokuqubuka kwalesi sifo, izinyathelo zokulawula ehlukene zingamenyenzelwa nguMqondisi Wezempilo Yezilwane futhi lokhu kuvame ukubandakanya, kodwa kungapheleli: ekuvalelweni kwezilwane ezithelekile zodwa, ukulawulwa ukuhanjiswa kwezilwane nemikhiqizo yezilwane kanye nokugoma.
- ★ Abanikazi banesibopho sempilo yezilwane zabo futhi mhlawumbe nokushushiswa ngaphansi koMthetho Wezifo Zezilwane wonyaka we-1984 (uMthetho wama-35 wonyaka we-1984) kanye noMthetho Wokuvikelwa Kwabathengi wonyaka we-2008 (uMthetho wama-68 wonyaka we-2008) uma besabalalisa ukwanda kwe-FMD.

Sidinga WENA ukuze usize ukulwa ne-FMD

Khululeka ukuxhumana nodokotela wezilwane wombuso noma ozimele oseduze nawe/nochwepheshe wezempilo yezilwane ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa

Ngemibuzo yezobuchwepheshe xhumana ne-: Gatsha: Ezempilo Yezilwane	Ukuqwashisa nokukhuthaza xhumana no-: Phiko Lomqondisi: Ukudla Okulethwa Kwamanye Amazwe kanye naMazinga Okukuhambisa Kwamanye Amazwe
Ezempilo Yezilwane Ucingo: +27 12 319 7456 Ifeksi: +27 12 329 7218 I-imeyili: Epidemiology@dalrrd.gov.za I-webhusayithi: www.dalrrd.gov.za	UPhiko Lokukhuthazwa Kwezempilo Yezilwane Ucingo: +27 12 319 6004/6117/6444 I-imeyili: info.sps@dalrrd.gov.za I-webhusayithi: www.dalrrd.gov.za